



**GEC PILOT STUDY  
MARKING GUIDELINE 2023  
ISIZULU HOME LANGUAGE (HL)  
GRADE 9**

Umbuzo 1: Isivivinyo

- *Imaki elilodwa empendulweni ngayinye.*
- *Awavunyelwe amamaki anguhhafu*

Inombolo	Impendulo elindelekile		
1.	D	Izinkundla zokuxhumana nobungozi bazo.	✓
2.	B	ephephandabeni	✓
3.	A	Ukuzifaka enkingeni.	✓
4.	B	ongeyena umngani weqiniso.	✓
5.	C	ukuqikelela ukuthi awavuleki.	✓
6.	D	Qaphela abangani abatholakala ezinkundleni zokuxhumana.	✓
7.	A	ukuzigqaja	✓
8.	C	Ukuxwayisa abazali nezingane ngobungani obenzeka ezinkundleni zokuxhumana.	✓
9.	B	Umuntu uyashintsha akathembeki.	✓
10.	B	kungaba nobungozi.	✓
11.	C	Ukuhlanganisa izinto ezimbili nangaphezulu.	✓
12.	D	Inombolo yephini yakho ayingaziwa muntu.	✓
13.	C	Zingaba nobungozi.	✓
14.	A	Ukungalaleli izexwayiso kungakufaka engozini.	✓
15.	B	Ngangingazizwa ngibuhlungu ngiyisehluleki.	✓
16.	A	Ingozi yokwethemba konke okuthola ezinkundleni zokuxhumana.	✓
17.	D	“Kufanele uyekele!” kumemeza umama. “Ukuhlala ugqolozele umakhalekhukhwini kuzophazamisa izifundo zakho”.	✓
18.	C	Abantu abesabisa labo abahlangana nabo.	✓
19.	A	Ukhathazekile ngokwanda kobungozi obenzeka ezinkundleni zokuxhumana.	✓
20.	D	Kuwo wonke umuntu osebenzisa izinkundla zokuxhumana.	✓
21.	C	ukukhathazeka	✓
22.	D	Ukuthatha izinyathelo uma kukhona okusolayo.	✓
23.	B	Ubungozi bokungaqapheli uma usebenzisa izinkundla zokuxhumana.	✓
24.	C	Ukuxwayisa abazali nokufundisa izingane ngezinkundla zokuxhumana.	✓
25.	A	Ukuvuleka kwamehlo mayelana nezinkundla zokuxhumana.	✓

## Umbuzo 2: Umbhalo obukwayo

- *Ungaphuci umfundi amamaki amabili ngephutha elilodwa.*
- *Awavunyelwe amamaki anguhhafu.*

## 2.1. Iphosta

Inombolo	Impendulo elindelekile	Ukucacisa	Imaki
2.1.1	A- Ukudla okunempilo ✓	Unikeza impendulo ngalokho akubonayo ephepheni lombuzo.	1
2.1.2	C- Kuwo wonke umuntu. ✓	Unikeza impendulo ngakuthole emva kokufunda nokubuka ephepheni lombuzo.	1
2.1.3	D- Ukuheha abantu ukuthi bafunde ngokudla okunempilo. ✓	Unikeza ngokunikeza incazelo efanele.	1
2.1.4	A- Isifaniso. ✓	Unikeza impendulo echaza isifengqo esisembhalweni wephosta.	1
2.1.5	C-.Ubonisa abafundi ngokubaluleka kokudla okunempilo. ✓	Unikeza impendulo njengoba kuchazwe ephepheni lombuzo.	1

[5]

## 2.2. Ikhathuni

Inombolo	Impendulo elindelekile	Ukucacisa	Imaki
2.2.1	BaseSpaza thizeni✓/endaweni yokuthenga/ esitolo	Yamukela noma iliphi igama elisondelene nokuchaza indawo.	1
2.2.2.	bajwayelene/umdayisi nomthengi ✓	Banganikeza izimpendulo ezingafani eziveza ubudlelwano ababuqagelayo.	1
2.2.3	umuzwa wokuncenga/ukucela✓	Amazwi asembhalweni bangabeka ngamagama ahlukene angafani kwamukelekile lokho.	1
2.2.4	ISlay queen sikweleta iyababa✓kodwa besiphuza ogologo ababizayo.✓	Imaki elil-1 uma esho ihlaya impendulo eveza okuhlekisayo elinye imaki uma esekelile	2
2.2.5.	uyababaza uvule umlomo/uhlahle amehlo. ✓ umangazwa ukuthi iSlayqueen besidla ugologo obizayo manje sesizokweleta. ✓	Uzothola amamaki ama-2 ngokubhala izimpendulo ezimbili. Eli-1 uma ebhale impendulo eyodwa	2
2.2.6	sizizwe sidangele/siphoxekile.✓	Anganika nanoma iyiphi impendulo enembayo yamukelekile.	1
2.2.7	owokuthi uma ungumuntu ungabophila impilo yamanga/ ungaziphilisi impilo ephakeme ibe ikuhlula. ✓	Unikeza impendulo kungabekwa ngezindlela ezingafani lokho kwamukelekile.	1
2.2.8	impilo yamanga /yokuzikhohlisa.✓	Ukuqagula esizwa iphosta namazwi asembhalweni. Bangabeka ngezindlela ezingafani.	1

[10]

Umbuzo 3: Ukufingqa

<b>AMAPHUZU ALINDELEKILE:</b> Noma yimaphi amaphuzu ayisi-7 kulawa alandelayo noma acishe afane.		
1.	Phuza amalitha amabili amanzi njalo ngosuku ukuze igazi lizogijima ngendlela efanele. ✓	<p><b>OKUQUKETHWE:</b> Imaki eli-1 ngephuzu elishaya emhlohlweni = amamaki ayisi-7</p> <p>Ungamuphuci umfundi amamaki ngamaphutha esipelingi kanye nolimi uma engawuphazamisi umqondo.</p> <p><i>ULIMI:</i> <i>Nikeza amamaki ngendlela ehleleke ngezansi ukugwema okudidayo ngamamaki olimi adlula lawo anikeziwe.</i></p> <p>1-3 amaphuzu afanele= + imaki eli-1 4-5 amaphuzu afanele = + amamaki ama-2 6-7 amamaki afanele = + amamaki ama-3</p> <p><i>Ungasusi amamaki ngefomethi engalungile noma ucaphune njengoba kunjalo embhalweni noma ukweqiwa kwegama elithile. Maka wonke amaphuzu ngokwenani lamagama adingakalayo.</i></p> <p><i>Ungajezisi ngokungahleleki kahle kwamaphuzu.</i> <i>Maka amalungiselelo uma umbhalo ungekho noma ungaphelelanga</i></p>
2.	Khulisa inani lezakhamzimba ekudleni kwakho ukuze izinwele zondleke. ✓	
3.	Sebenzisa ujusi ka-anyanisi uwugcobe ezinweleni zonke bese, uwushiya usebenza imizuzu engama-30. ✓	
4.	Phuza ujusi wamagilebhisi abomvu okungenani kanye ngosuku ukuze izinwele zakho zondleke. ✓	
5.	Geza ngamanzi eRosemary nsuku zonke ukulwa nokulahlekelwa umbala wezinwele kanye nokuqeda inkwethu. ✓	
6.	Sebenzisa uwoyela kakhukhunathi kaningana ngesonto ukushiya izinwele zithambe ngendlela ejabulisayo. ✓	
7.	Gcoba uwoyela wejoba ezinweleni ukubuyisa izinwele ezilahlekile. ✓	

[10]

Umbuzo 4: Izakhiwo Nezimiso Zokusetshenziswa Kolimi

- *Imaki elilodwa ngempendulo eyodwa.*
- *Awavunyelwe amamaki anguhhafu.*

Inombolo	Impendulo elindelekile.		
4.1.	B	elingabonakaliyo	✓
4.2.	B.	oqondile	✓
4.3.	C	iviki	✓
4.4.	A	hleka	✓
4.5.	B	nikunqande kungenzeki	✓
4.6.	B	nakuba	✓
4.7.	C	Isiphawulo	✓
4.8.	B	sendawo	✓
4.9.	A	Izitifiketi zijatshulelwe osomabhizinisi abancane.	✓
4.10	C	omabizwafane	✓
4.11	D	ophila kahle ocebile	✓
4.12	B	Nkosazana	✓
4.13	D	lihlukanisa ukulandelana konkamisa	✓
4.14	C	sokukhomba	✓
4.15	B	Osomabhizinisi basebenzise amathuba abawanikeziwe ukuzithuthukisa.	✓
4.16	C	Sizohlenganisa osomabhizinisi abahlukene.	✓
4.17	A	“Uma bengaxhaswa yithina, silindele ukuthi baxhaswe ngobani?” Kubuza iMeya uMthethwa.	✓
4.18	D	Abantu besifazane banenkinga yokuphatha amabhizinisi.	✓
4.19	A	Ukwethula abalingiswa, isizinda kanye nesisusa sodweshu.	✓
4.20	D	Bathuthukiswe ngolwazi osomabhizinisi.	✓

[20]